



Growing up in a time of AIDS: Abaqophi basOkhayeni Abaqinile Children's Radio project

Kwangithatha isikhathi / It Took Days Indeed 2008

- Clement: So usesimeni esiright umsindo wami njengamanje okuzolandela manje ngilungisa idrums lami.
My sound is on the right level now so now I am going to follow up by fixing my drums.
- SFX: Kukhala umusic – keyboards being played
- Clement: So ngifuna libe slowly mina li fast okey ngipresa itempo yami ngiyaqala-ke manje mina ngiyadlala ke
So I want it to be slow and it is fast, okay, I am pressing my tempo and I am starting to play now.
- SFX: Kukhala umusic - keyboards playing
- Clement: Clement Nkosingiphile Gumede lona okhulumayo manje e ngokuzalwa embazwane e ngezalana ngizohlala kulendawo ngeza ngivakashele umalume nami ngayithola sengihlezi nje kulendawo.
This is Clement Nkosingiphile Gumede speaking. I was born in Mbazwane. I came here to live in this place when I was visiting my uncle and then found myself staying here.
UClement – ke uwumuntu nje othandukuhleka ngasosonkisikhathi ngiyathand' ukudlala negenge - igenge encane. Umncane umdala kimi kuyefana nje ngiyahlonipha ke futhi ingane encane umuntu omdala ngiyahlonipha ngokulinganayo ya.
I am someone who likes to make people laugh all the time. I like playing with young kids, whether you're young or old is the same to me, I respect everyone equally.
- SFX: Kukhala umusic - keyboards
- Clement: Eyi kwabanzima kakhulu impela ukufunda lento le ngicabangukuthi kwathathinsuku impela! [Uyahleka.]
Ngikufunda lento kodwa ke kway, kwaya ngagcina nami sengithe kuimpruva kancane. Kahle, kahle vele kwakuyisifiso sami ngaphambilini ukuthi ngigcine sengiyazi lento so ngokuthola ukuthi ngingumuntu ohambinkonzo e ngagcina ngikuthanda uyabona

Mina angiyi esontweni ngoba nakhu ngiyoshaya I key board vele ngingumkrestu vele ngiyakholwa ya ngayifunda ebandleni i key board ngivele ngikhholwan uyabo.

It was very difficult to learn this I think it took days indeed! [laughs]

When I was learning this I ended up improving a little bit. It was really my wish from the start to learn [how to play] this. I am someone who attends church services, that's what I ended up liking, you see.

I don't go to church just to play the keyboard; I am a Christian, I worship and I learned to play the keyboard in the congregation but I was already a believer you see.

Sfundo: Manje hhe awukungifundise phela nami okokugcina.

Now please teach me too for the last time.

Clement: Hhayi akusinkinga mfethu nansi nayi phambi kwakho ungasondela nje Sfundo njengoba ngicabangukuthi ngangakukhombisa nangaphambilini.

No problem my brother. Here it is in front of you, you can come closer Sfundo so that I can show you from the beginning.

Sfundo: Okey.

Okay.

Clement: Wena ngathi uphi wazi una 2 wamakey ngathi uyawaqondanyana kancane usungakhetha wena ukuthi ufuna yiphi.

It seems that you know two of the keys, it seems that you understand them a bit. You can choose which one you want.

SFX: Kukhala umusic – music

Clement: Wenzani manje, wenzani manje ngoba ubuza kahle nje uthi uma usukalana – ke Sfundo (Kukhala umusic) ungena lana –ke(Kukhala umusic) ugejile inkinga yakho.

What are you doing now, what are you doing, because you were doing well from here Sfundo [music playing] you come in here [music playing] you have missed it, that's your problem.

SFX: Kukhala umusic - Music playing

Clement: Uyawuzwa umehluko?

Can you hear the difference?

Clement: And I key board ngiyayishaya kakhulu nje lokho ebenikuzwa lana hhayi ubala masengiphambi kwabantu ngiyashintsha, ngiyashintsha lapho sesidinga noku ah (uyahleka).

I play the keyboard a lot and what you heard here – eh – if I was in front of people, that's where I would change, we need this [laughs].

SFX: Kukhala umusic – keyboards



For further information contact:

Helen Meintjes, Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404

Bridget Walters, Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500

Sue Valentine, Radio Workshop
sue@radioworkshop.org
+27 21 465 6965

Web: www.ci.org.za/depts/ci/prg/radio_project/index.htm